**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KWEBHULOHO ENKANDLA MHLAKA 13 OCTOBER 2015.**

- Mphathi wohlelo;
- Inkosi yaKwaMagwaza;
- Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
- AmaLungu esiShayamthetho;
- IMeya yesiFunda sasoThungulu uKhansela uMchunu;
- IMeya engusokhaya walapha eNkandla namaKhansela wonke akhona;
- IziNduna zamakhosi;
- Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni ngokwehlukana abakhona;
- Umphakathi wonke okuyiwona esingawo lapha;
- Bafowethu nodadewethu ngiyanibingelela.

Siyabonga ukuthi sesiphinde sathola leli thuba lokuzohlangana nomphakathi walapha eNkandla sizohalalisa ngentuthuko abantu balapha abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Lo mcimbi walapha uyingxenye yenyanga yezokuthutha njengoba ngo-October yilapho izwe lonke libheka indlela ezokuthutha ezisebenza ngayo - kusuka kwingqalasizinda, ezokuthutha umphakathi kanye nezokuphepha emgwaqeni.

Ngithi sesiphindile futhi ngoba phela abantu balapha eNkandla bayazi ukuthi njengoMnyango wezokuThutha noHulumeni nje wonke wesifundazwe saKwaZulu-Natal, sisalokhu siyigelezise njalo intuthuko kule ngxenye yesifundazwe.

Mhlambe kubalulekile ukuba ngicacise izinto ezimbalwa ngokugeleza kwentuthuko engikhuluma ngako lapha eNkandla.

Sesiyazi ukuthi uma siza nentuthuko eNkandla, abanye kwezinye izindawo babona ukuthi senza ngoba kuyindawo okuqhamuka uMongameli kuyona.

Kodwa futhi nakhona lapha eNkandla, kukhona abathanda ukubheka ukuthi siya kuyiphi ingxenye yeNkandla kuthi uma siya engxenyeni engakaMongameli, kube sengathi yingoba senzela yena uMongameli kakhulukazi.

Ngiyafisa-ke nokho ukukhumbuza bonke labo ukuthi ukuthi phela uMsholozi uthathe njengoMongameli kaKhongolose ngo-2007, waphinda wathatha njengoMongameli wezwe ngo-2009.

Ngaleso sikhathi iNkandla yayivele seyamenyezelwa ngo-2005 nguHulumeni, ukuthi izobekwa eqhulwini kanye nezindawo zaseMsinga, nezaseZululand naseMkhanyakude, njengoba kwavela ukuthi lezi zindawo zisalele emuva kakhulu ngentuthuko.

Zona futhi lezi zindawo zazihlonzwe njengezihamba phambili ngobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

Naye-ke ngenkathi engena njengoMongameli wezwe ngo-2009 uMsholozi, waphinda wafaka umfutho wasidonsa ngendlebe thina njengemiNyango kaHulumeni wathi asiphume emadolobheni siye emakhaya siyoqinisekisa ukuthi intuthuko iyaphuthunyiswa kubantu akade bayilangazelela.

Ngakho-ke uma ube nenhlanhla yokuthi uMongameli wezwe uzalwa ngakini, lokho akusho ukuthi yisizathu sokuba uthole intuthuko. Ekalo Hulumeni intuthuko ayikhethi iphela emasini.

Kodwa futhi noma ngabe umgwaqo esesawuqeda u-P15 odlula KwaNxamalala sawuqala uMsholozi engakabi uMongameli wezwe, kodwa kuyasijabulisa nathi njengesifundazwe ukuthi sesikwazile ukuhlonipha isithunzi sikaMongameli ngokuthi umgwaqo oya ekhaya lakhe ube sezingeni elifanele.

Mangikusho futhi ukuthi enye into eyabuye yasibambezela lapha KwaZulu-Natal yinina eningabavoti enasincisha ithuba lokuphatha eminyakeni eyishumi yokuqala yentando yeningi lapha esifundazweni.

Kwaze kwathi ngo-2004 nenza kangcono nakuba kwakudingeka sithole ukwesekwa ngabathile eSishayamthetho ukuze sithole iningi.

Okusempeleni yingo-2009 lapho naqinisekisa khona ngokugcwele ukuthi nifuna ukubona ushintsho ezimpilweni zenu, naphinda futhi nangokhetho lwangonyaka odlule nathi asiqhubeke nalo msebenzi.

Siyabonga-ke nokho ukuthi ngaphezulu kokuthunywa nguMongameli ukuba siye ezindaweni zasemakhaya, inhlangano ebusayo kaKhongolose iqhamuke nohlelo lokuthuthukisa isizwe, esithi iNational Development Plan (NDP), ukuthuthukiswa kwengqalasizinda okungenye yezinto ezihamba phambili kulona.

Lolu hlelo nalo lusekeleke kuMthethosisekelo nomgomo wentando yabantu kulelizwe lapho kugcizelelwa khona ukuthi isisekelo sentuthuko ngukuba abantu babe nomgwaqo, amanzi nogesi.

Uma unalezi zinto zontathu usuke usunalezi zinto esithi zi-basic empilweni, yizona ezikuvulela indlela yokwenza noma yini engakuthuthukisa kwezomnotho nenhlalakahle jikelele.

Lokhu kusho ukuthi abantu basuke sebenelungelo elilinganayo lokungalingani, *equal rights to be unequal*. Okusho ukuthi inkundla yokudlala ilungele wonke umuntu bese kuba kuwena ukuthi uyadlala noma ufuna ukubukela abadlalayo.

Siyazi ukuthi kuningi okwenziwa abantu basemakhaya ukuziphilisa ngaphandle kokuthi kube nezimboni ezinkulu njengoba kunjalo lapha eNkandla. Kodwa njengoHulumeni kumele sakhe isimo lapho umuntu ezokwazi ukuzithuthukisa kulokho akwenzayo lapho ekhona.

Ngiyakusho-ke nje lokhu kokuthi izindawo zaseNkandla, eMsinga, eZululand naseMkhanyakude zabekwa phambili, kodwa okusempeleni isifundazwe sonke sinezindawo eziningi ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo.

Njengoba ngishilo ukuthi sisenyangeni yezokuthutha, ngenkathi siyethula mahlaka 2 October eMbumbulu ezingizimu yeTheku simemezele ukufakwa kwetiyela emigwaqeni emithathu ngemali engaphezulu kuka-R882 million.

Namhlanje-ke uMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, uzobongela umphakathi walapha eMthungweni ngengqalasizinda yebhuloho emfuleni iNsuze esesilinikezele ngokomthetho kubantu beNkosi ukuba balisebenzise.

Leli bhuloho lidle imali engu-R42 million. Uma ubheka le mali uzobona ukuthi ilifanele ngendlela yezinga elikulona leli bhuloho. Kusijabulisile futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi atholwe ngabantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Sibongela nabafundi asebesizakele ngaleli bhuloho abafunda Emthungweni High School, Kwamanqondo Combined Primary, Nyakanya High School, Magwaza Primary School, Magwaza Secondary School, Sizwesonke Junior School, Emphalwini Combined Primary naseNdundumeni Primary. Kukhona neMthungweni Provincial Clinic nezinye izikhungo zomphakathi abantu asebesizakele ngokufinyelela kalula kuzona.

Ngiyafisa futhi ukubonga ukusebenzisana esibe nako nekhansela uLushozi ukuze kwakhiwe leli bhuloho. Ngo-2012 sasilapha sizongcwaba ikhansela laseThekwini uMthembeni Shezi.

Ukhansela uLushozi wangicela ukuba ngihambe ngalo mgwaqo ukuze ngibone inkinga umphakathi obhekene nayo yokuwela umfula iNsuze.
Siyayibongela imiphakathi ekhetha amakhansela ayizishabasheki zentuthuko kanjena. NaseMbumbulu besikhuluma yona indaba yokuthi amakhansela yiwona abesekhaleni lokuba kwakhiwe leya migwaqo ebengikhuluma ngayo.

Kuyacaca ukuthi uma uKhongolose esakhiqiza abaholi bomphakathi abanjena kusho ukuthi abantu bakithi basazothola izinto ezinkulu zokwenza izimpilo zabo zibe ngcono. Iyakhanya indlela eya phambili.

Ngiyazi futhi Khansela ukuthi wona lo mgwaqo esakhe kuwona ibhuloho uP706 nibhekile njengomphakathi ukuthi wona itiyela liyongena nini kuwona.

Ithimba loMnyango selike layibheka indaba yawo, kwatholakala ukuthi ngenxa yesimo sezimali okwamanje kumele siqale siqhubeke naleli tiyela esilifakayo ku-P16 bese kamuva siqhubeke nokwenza imigwaqo exhuma kuwona njengawo lona u-P706.

Njengoba ngike ngasho ukuthi uKhongolose wakhe uhlelo lwe-NDP ukuze intuthuko ize ngendlela ehlelekile, nathi njengoMnyango sisebenza ngendlela ehlelekile manje.

Le project esiyethula ngokomthetho namhlanje ilandela amanye amaningi esiwaqedile lapha eNkandla nasoThungulu kule minyaka edlule.

Phakathi kwawo singabala nje:

- U-P15 engike ngakhuluma ngawo odlula KwaNxamalala usuka eKranskop esiwakhe ngo-R313 million;
- U-P50 onqamula ehlathini laseNkandla esiwakhe ngo-R308.4 million;
- Ibhuloho lezinyawo Ekulangazeni emfuleni iNsuze ngo-R3.5 million;

- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMposa ngo-R1 million;
- Ibhuloho lezimoto emfuleni iNsuze eMkhabeleni ngo-R5 million;
- Ibhuloho lezimoto emfuleni iNsuze futhi ku-P90 phakathi kweNkandla naseQhudeni esilakhe ngo-R15 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni Umhlathuze eMthonjaneni ngo-R5 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMvamanzi KwaMbonambi ngo-R3.1 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni Amateku eMlalazi ngo-R2 million;
- Bese kuba u-P496 (John Ross Highway) phakathi kweMpangeni neRichards Bay. Lo mgwaqo ungu-15 km kuphela kodwa siwakhe ngo-R1.1 billion. Lokhu kudalwe wumsebenzi obekudingeka wenziwe khona ohlanganisa nebhuloho elingelinye lamakhulu uma kungelona lodwa e-Afrika yonke.

Maningi futhi ama-project esiqhubekayo nokuwakha njengoba sikhuluma namhlanje esingabala kuwona:

- U-P16 osuka eKranskop uye eNquthu udlula lapha eNkandla esifake kuwona ngaphezulu kuka-R3 billion. Lo mgwaqo mude kakhulu, okusho ukuthi uzothatha isikhashana eside impela ukuba uphothulwe okungaphezulu kweminyaka eyishumi;

- Ibhuloho emfuleni uThukela eTulwane esilakha ngo-R40 million. Lapha umsebenzi usuyaqhubeka futhi njengoba kuke kwadingeka siyimise inkontileka ebisebenza phambilini ngenxa yokungabonakali kwenqubekela phambili emsebenzini wayo;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMadiyana elingu-R1.69 million. Kuleli bhuloho umsebenzi onguhhafu sewenziwe kodwa inkontileka esebenza khona ishiyile ngezizathu zayo okumanje sisaphothula imigudu elandelwayo yokuyimisa ngokomthetho emsebenzini;
- U-P 230 phakathi kweMpangeni neShowe ngo-R312 million;
- U-P499 KwaMbonambi ngo-R141 million;
- U-P232 KwaSokhulu eRichards Bay ngo-R233 million. Lo mgwaqo siwakha ngokubambisana nenkampani yemayini iRichards Bay Mineral (RBM) esebenza kulowa mphakathi, efake u-R30 million;
- U-D887 KwaDube eRichards Bay ngo-R145 million;
- Amabhuloho elezinyawo nelezimoto eMfule eNtambanana esiwakha ngo-R3.8 million no-R31 million ngokulandelana;
- Kanye no-P494 KwaMthethwa eRichards Bay esiwakha ngo-R182 million.

Amanye esesihlele ukuwaqalisa maduze nje:

- U-P90 phakathi kweNkandla naseQhudeni esizowakha ngo-R168 million;
- U-D135 kusuka eMatikulu kuya eMpushini eMlalazi esizofaka kuwona u-R185 million;
- Bese kuba u-D883 eNdulinde ozodla u-R208 million. Lo mgwaqo uhlanganisa izifunda ezimbili okuyiLembe noThungulu.

Sizama ngokusemandleni minyaka yonke ukufinyelela ezindaweni zonke nakuba isimo sebhajethi sibuye sisiphikise ngoba imigwaqo namabhuloho esikhuluma ngako lapha kubiza kakhulu ukukwakha.

Imali esabelwa yona incane kakhulu uma uqhathanisa negebe elikhona njengamanje.

Kukhona amabhuloho nemigwaqo ekade yaba sezinhlelweni zethu, bese kubakhona lokho okuqhamuka minyaka yonke ngenxa yokwanda kwabantu abasuke sebehlala ezindaweni ezithile sebedinga ukufinyelela ezikoleni nasemakliniki.

Uma sibheka isifunda sasoThungulu sonke nje, imali esiyihlelele imisebenzi emikhulu yengqalasizinda kulo nyaka ozayo ingu-R780 million.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukunxusa sonke esilapha ukuba siqaphele kakhulu ukuphepha emgwaqeni. Uma nenza imicimbi edinga nihambe ngezimoto, qinisekisani ukuthi nihamba ngezimoto ezisemthethweni, eziphilile, futhi nabashayeli babe sesimweni esifanele.

Masingavumi ukushayelelwa umuntu odle amanzi amponjwana ngoba utshwala bakha isibindi esingekho kanti akulula ukulawula imoto uma usuphuzile.

Njengoba size ngobuhle nje lapha, sicela ukuphinda sibuye ngabo futhi ubuhle, hhayi ukuzongcwaba abantu abafele emgwaqeni.

Okokugcina, ngithanda ukunxusa ukubambisana okuhle nani nasekulweni nobugebengu kulezi zindawo zalapha eNkandla.

Kuyisifiso sami ukuthi njengoba nikhiqize uMongameli nje kule ndawo, makube yinina futhi enizohamba phambili ekwakhiweni kwesizwe esingenabugebengu.

Makube yinina enisukumayo nilwe nanoma yini ezama ukuzongcolisa igama lendawo yenu.

Njengoba sibheke okhethweni lohulumeni basekhaya ngonyaka ozayo, makuvunguze umoya wokuthula noxolo uma sekukhankaswa. Siyazi ukuthi indawo yaseNkandla ingenye yalezo ukuncintisana kwamaqembu okusezingeni eliphezulu njengoba abavoti bakhona besahluleka ukucacisa udede ukuthi bafuna uMkhandlu uphathwe ngubani ngokugcwele.

Ngalawo mazwi sithi siyabonga ukuziphatha kwenu, sengathi singaqhubeka sihloniphane, sinakekelane ukuze sibe yisizwe esithuthukayo.

**Ngiyabonga**